



INGEDE



January 2021
Volume 24
Number 1



UBUCHWEPHESHE BOKUFUTHA IZIVUTHWISI

Umlimi nomlimi unesifiso sokuthola inzuko ethe xaxa ngomoba awutshale. Inzuko ngomoba umlimi uyithola ngoshukela okhishwe ogoqweni lomoba, izivuthwisi zikwazi ukukhuphula ushukela osogoqweni lomoba. Isikhungo Sezocwaningo ngoMoba sizoqala uhlalo lokuvuthwisa kamasi mu abalimi abalima ngokuncane azoba izibonelo ukukhombisa umthelela wokufaka kwezivuthwisi kusetshenzwa ibhanoyi elingagitshelwa elibizwa nge-drone (*Ikhasi 2*)



UKONGIWA KWAMANZI KANYE NOMHLABATHI EMASIMINI
Enye yezingqinamba umlimi abhekana nayo epulazini lakhe ukuma nokugcwala kwamanzi kanye nokuguguleka komhlabathi, ngakho-ke kubalulekile ukuthi umlimi afake izakhwi ezipfanele, okungaba; imigudu yamanzi, imigwaqo ehlukanise izitubhe kanye nemigwaqo yasepulazini (*Ikhasi 4*)



UKUBALULEKA KOKWAZI NOKULUNGISA UMHLABATHI WAKHO

Umoba uyisitshalo esidinga imisoco ukuze ukhule kahle, ulwisanne nezifo nezinambuzane, futhi unikeze umlimi isivuno esikhulu noshukela omningi. Yazi ukuthi umhlabathi udinga miphini imisoco ngokuthathha isampula lomhlabathi. Lizokutshela nokuthi umhlabathi wakho uyawudinga yini umcako wabalimi (*Ikhasi 6*)



NGONYAKA WEZI-2023 ABALIMI ANGEKE BESAVUNYELWA UKUTHI BATSHALE NGEMBEWU ENGAPHASISWANGA

Imbewu otshalangayo ibalulekile ngoba izoba nomthelela kwisivuno sakho namahlumela. Unyaka wezi-2023 Imboni kaShukela iwubekile ukuthi bonke abalimi behambisanemigomo yokutshala wonke amasimu ngembewu ehloliwe futhi yaphasiswa (*Ikhasi 8*)

Izilokotho nezifiso ezinhle zonyaka omusha



Ibhaliwe: nguThulani Masondo

(Umphathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-LRG)

Ngithanda ukunifisela unyaka omuhle, ngethembe nokuthi izinto zizohamba kahle ngemumva kokuthi unyaka wezi-2020 ungasiphathanga kahle ngenxa yokhuvetha (i-COVID-19). Ngicela nazi balimi ukuthi lolubhubhane lusekhona kumele niqikelele ukulandela yonke imigomo ebekwe nguHulumeni njengokugqoka izimfonyo (kumele sivale amakhala nomlomo), ukuwasha izandla ngazo zonke izikhathi, kube wukuqhelelana kanye nokunye okuningi.

Ngithi anginikhumbuze lokhu okulandelayo:

- Ngokubambisana nabeluleki yakhani uhlelo lokuhlahla umoba wenu.
- Bhekani amasimu adinga ukuvuthwiswa uma ninayo indlela vuthwisani amasimu enu, abeluleki banalo ulwazi bazonichazela.
- Hlonzani osonkontileka abazonenzela umsebenzi, niqikelele ukuthi kunezivumelwano ezsayiniwe okusetshenzelwa phezu kwazo.
- Osonkontileka kumele balungise imishini yabo ibe sezingeni lokusebenza.
- Qikelelani ukuthi umoba wenu ufika emshinini/esigayweni uma sesivilile engakapheli amahora angama-72.
- Uma niqeda ukuhlaha khiphani izidindi nezihlahla ezsensimini, nifake izibulala-khula (abeluleki nabathengisi bezibulala-khula banalo ulwazi olunzulu uma ubacela bazokusiza), isigubhu sakho sokufutha kumele sibe sezingeni lokwenza umsebenzi ngendlela enhle.
- Isikhuthaza-khaba asifikwe zingakapheli izinyanga ezintathu uhlahlile ensimini ehlanzekile (engenakhula). Umanyolo awufakwe ngokwezincomo zakwa-FAS, ngokulandela uhlelo iwasikhathi sonyaka kanye nohlobo lomhlabathi wakho.
- Uma uzimisele ngokutshala insimu yakho kabusha xhumana nabeluleki bakho kanye neKomidi leZifo neziNambuzane zomoba kanye nokuKhiqizwa kweMbewu ukuze kuthathwe i-oda lohlobo lwembewu ofuna ukulitshala. Khumbula ukuthi i-oda lifakwa kusasele unyaka ngaphambi kokuba utshale.
- Khumbulani balimi ukuthi unyaka wezi-2023 Imboni kaShukela iwubekele ukuthi bonke abalimi behambisane nemigomo yokutshala wonke amasimu ngembewu ehloliwe futhi yaphasiswa.




Uma unemibuzzo noma udinga ukucaciseleka, xhumana nabeluleki bakho bezomoba. Nginifisela unyaka omuhle ogcwele impumelelo.




Uhlelo lokuvuthwisa kwamasimu abalimi abalima ngokuncane

 **Ibhalwe:** nguWinile Shelembe

IsiKhungo sezoCwaningo ngoMoba sizokwenza uhlelo lokuvuthwisa komoba kumasimu akhethekile abalimi abalima ngokuncane. Lamasimu azosetshenzisa njengezibonelo ukukhombisa umthelela wokufakwa kwezivuthwisi emobeni, nenzozo umlimi angayenza. Izivuthwisi zifakelwa ukumisa noma ukwehlisa izinga lokukhula komoba ukuze kongeke ubushukela ogoqweni (isithombe 1). Lokhu kuzuzisa umlimi ngoba umshini umkhokhela ngobushukela obukhishwe emobeni hhayi ngesisindo somoba.



Ngaphambi kokufaka izivuthwisi



Emva kokufaka izivuthwisi

Isithombe 1: Ubushukela kugoqo lomoba ofakwe izivuthwisi nongafakwanga

Phambilini ukuvuthwisa komoba bekwenziwa ngabalimi abanamisimu amakhulu ngenxa yohlobo lwebhanoyi obelusetshenzisa. Leli bhanoyi belingeke likwazi ukuvuthwisa amasimu abalimi abalima ngokuncane ngoba banamasimu amancane, asondele nemizi, izintambo zikagesi, kwesinye isikhathi anemifino, izithelo nokunye eduze kwavo,

okungachaphazeleka uma kufuthwa ngezivuthwisi.

Kuloluhlelo kuzosetshenzisa ibhanoyi elincane elingagitshelwa elibizwa nge-drone (Isithombe 2). Leli bhanoyi lihle ngoba liyakwazi ukufutha kumasimu atshekile, amancane, asondelene nezihlahla kanye namanye amasimu atshalwe umoba kanye nokunye.



Isithombe 2: Ibhanoyi elingagitshelwa liyakwazi ukufutha amasimu atshekile futhi aseduze kwezihlahla



Loluhlelo luzohamba kanje:-

1. Kuzohlonzwa amasimu azosentshenziswa njengezibonelo zokuvuthwisa umoba.
2. Kuhlewe imhlangano ezokwazisa zonke izinhlaka ezizoba yingxeye yohlelo lokuvuthwisa kwamasimu.
3. Kwensiwe uhlelo lokuvuthwisa kwamasimu azohlukaniswa phakathi, ingxene ezofakwa izivuthwisi enye ingafakwa ukuze kuzoqhataniswa imiphumela.
4. Kuzobe sekuhlolwa ukuthi lawo masimu ahlonziwe akufanele yini ukufakwa izivuthwisi.
5. Uma kunesdingo azobe esefakwa izivuthwisi ngebanoyi elingagitselwa elibizwa nge-drone.
6. Emva kwamaviki ayisithupha kuya kwayisishiyagalolunye izivuthwisi zifakiwe kuzohlolwa ushintsho kubushukela bomoba.
7. Umoba uzobe usuyahlahlwa uhanjiswe esigayweni bese uhlolwa ngabakwa-CTS.
8. Isikhungo sezoCwaningo ngoMoba sizohlaziya okutholiwe bese sazisa abalimi ngemiphumela nomthelela ngokwezimali.

Lolu hlelo lokuvuthwisa kwamasimu ayizibonelo luzokwenziwa kuzo zonke izifundamshini. Seluvele luqalile kwezinje izifundamshini ngakho-ke okunye okubalulwe ngenhla sekwenziwe. Kubalulekile ukuthi abalimi bazi ukuthi izivuthwisi zifakwa kumoba osuke usakhula ngokushesha, ongenazo izifo nezinambuzane futhi ongakhahlamezekile. Lokhu kusho ukuthi abalimi kumele balandele zonke izindlela zokunakekela umoba wabo ukuze ukhule kahle.

Uma umlimi efuna ukwazi ngensimu yesibonelo sezivuthwisi eseduze naye angaxhumana nomeluleki.



Amanzi asemasimini omoba, ukuphathwa komhlabathi kanye nengqalasizinda

Ibhawo: nguTulani Velem

Izindleko zokusethenzisa kwemishini zithatha cishe isigamu sonke uma sekuhlanganisa nezindleko zokukhiqiza umoba epulazini lonke. Ingxenye enku yalezi zindleko yakhiwe ukuphathwa kanye nokudonswa komoba. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi kube nohlelo oluqondile nolwenza kube lula ukukhipha udonse umoba emasimini. Imigwaqo engenayo nephumayo kumele ikwazi ukufinyelela kuzo zonke izingxenye zepulazi. Imigwaqo kumele yakhiwe ezindaweini eziphakeme nezingagcwali amanzi. Lokhu kuzogwema ukuguguleka ngokushesha kwenkwali nokumbeka kwemisele.

Ezinye zezinselelo umlimi angahlangabezana nazo, ukuma nokugcwala kwamanzi kanye nokuguguleka komhlabathi emasimini omoba. Kune zakhiwo ezikwazi ukuvimba zehlise ijubane lamanzi ziwathuthele endaweni lapho angeke enze khona umonakalo. Umlimi angagcina ipulazi lakhe lisesimeni agweme umonakalo odalwa amanzi ngokwakha lezi zakhiwo ezilandelayo:-

1) Imigudu yamanzi

Lemigudu kungenzeka cube ngeyakhiwe noma eyemvelo njengoba imisebenzi yayo kuwukugwema ukuhlala kwamanzi emasimini iwathuthele emifulen. Ukvuleka kwemigudu yamanzi kuncike kubungako bendawo eyiwathatha kuyo, uma inkulu izoba mikhulu. Imigudu yamanzi iyengxenye ebalulekile yokuhlela ipulazi, ezindaweni ezitshekile idlala indima ebalulekile ekuhambiseni amanzi. Izinto umlimi okumele azipikelele ukuthi imigudu yamanzi iba sezindaweni eziphansi, ezinotshani nezichithela ezindaweni ezingaguguleki kalula.



Imigudu emisha esanda kwakhiwa kumele ibe nezivimbo

2) Imigwaqo ehlukanisa izitubhe

Lena imigwaqo/izakhiwe eyakhiwe yaphambana nokutsheka kwensimu. Imisebenzi yayo ukuthuthela amanzi kwimigudu bese yona igcine iwathuthele emfuleni, yehlise nesivinini amanzi ahamba ngaso. Kubalulekile ukuthi umlimi azi ukuthi umhlabathi wakhe uguguleka kangakanani ngoba isivinini amanzi ehla ngaso egijima azowugugula. Emhlabathini olula ubude balemigwaqo bungeqi kumamitha angama-300 bese kuthi emhlabathini osalubumba ubude bungaze bufinyele kumamitha angama-400. Lezi zakhiwo kumele zingabi nezibi nomhlabathi kuze amanzi ahambe, mazitshalwe utshani obenabayo.



26.04.2007

Imigwaqo ehlukanise izitubhe eyakhiwe yaphambana nokutsheka kwensimu yachithela kwimigudu yamanzi



Imigwaqo eyehlukanise izitubhe etshalwe utshani obenabayo



3) Imigwaqo yasepulazini

i) Imigwaqo emkhulu

Lena imigwaqo esetshenzisela ukudonsa umoba noma ukuhamba izimoto ezinkulu nekufanele ibe ngamamitha amahlanu nangaphezulu (>5m). Lemigwaqo kumele iqhele emfuleni ngamamitha angama-20, ngaphandle uma yeqa imifula. Amanzi ungawasusi emgwaqeni omkhulu uwachithele ngqo kwimifudlana, kumele okungenani aqale ahambe endaweni enotshani noma enomoba engamamitha alishumi ngaphambi kokuba angene emfuleni. Imigwaqo kumele ibe nenkwali noma ikhonkwe ngoba isetshenziswa izimoto ezisindayo.



ii) Imigwaqo emaphakathi

Lemigwaqo isetshenzisela ukungena nokudonswa komoba emasimini, ngokujwayelekile iba ngamamitha amane noma ngaphezulu (>4m). Nayo lemigwaqo kungadingeka ukuba ikhonkwe noma ifakwe inkwali, lokhu kuncike kuhlobo lomhlabathi nokusetshenziswa kwayo.



iii) Imigwaqo emincane

Lemigwaqo emincane idlala indima enkulu ngoba iholela ekuhambeni kalula komoba ohlahliwe. Mayingakhiwa ezindaweni ezibucayi njengamahlathi emvelo, izindawo ezinabantu abaphithizelayo, amaxhaphozi, kanye nezindawo zamagugu. Imigwaqo engenela emasimini ivuleka ngamamitha amathathu nohhafu (3.5m), ingadlula umfula ihambe ngaphakathi epulazini noma igudle imincele negcakelayo. Ayidingi kukhonkwa noma ifakwe inkwali. Lemigwaqo kufanele ivikeleke lapho iqala khona kuhinde kube nendawo ecacile lapho amanzi achithela khona. Izindawo ezihamba amanzi eceleni komgwaqo kumele zitshalwe utshani. Lemigwaqo kumele iphambane nemigudu nemifudlana yamanzi.



Uma umlimi efuna ukuqala afake lezi zakhiwo, angaxhumana nomeluleki wakhe.

Kubaluleke ngani ukwazi umhlabathi wakho?



Ibhawo: nguMusawenkosi Khumalo

(Umeluleki eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya)

Uma uya emtholampilo oDokotela noma amanesi kuyenzeka bathathe isampula legazi noma lomchamo ukuze beqonde kahle isimo sakho sezempilo. Uma sebeyitholile imiphumela babe sebekwazi ukukwelapha ngokwemiphumela abayitholile. Ngokunjalo, kubalulekile ukuthatha isampula lomhlabathi ukuze wazi isimo sempilo yomhlabathi wakho ngoba sinomthelela omkhulu ekukhuleni komoba wakho kanye nesivuno ozosithola. Isimo somhlabathi wakho ungasazi kuphela ngemiphumela yokuhlolwa kwesampula lakho lomhlabathi ngabakwa-FAS.

Imiphumela yokuhlolwa umhlabathi ikunikeza isithombe:

- Ngomsoco (okungukudla komoba) osemhlabathini wakho kanye nobumuncu obusemhlabathini.

Kubalulekile ukuhlola umhlabathi wakho kusale izinyanga ezimbalwa ngaphambi kokutshala. Lokhu kusiza ekutheni ube nesikhathi esanele sokuwulungisa uma imiphumela ikhomba izinkinga kuwo.

Umsoco (okungukudla komoba) osemhlabathini

Umoba uysitshalo esidinga imisoco eli-17 ukuze ukhule kahle, ulwisane nezifo nezinambuzane, futhi ukunikeze isivuno esikhulu noshukela omningi. Umhlabathi uyibhange lapho kutholakala khona lemsoco edingwa umoba.

Inhoso enku lu yokuhlolwa umhlabathi wakho ukuthola izinhlobo zomsoco ezikhona, ikakhulukazi lezi ezbialulekile nokuthi zanele yini. Lokhu kusiza ekuqhamukeni namasu okubuyisela leyomsoco eshodayo emhlabathini ngokusebenzisa umanyolo nezinye izindlela ezikhona.

Imiphumela yokuhlolwa komhlabathi wakho izokusiza ekusebenziseni isikalo okuyisona kanye nohlobo olufanele lukamanyolo.



Izinhlobo zikamanyolo

- 1) Kukhona uhlobo lukamanyolo olubuyisela emhlabathini umsoco oshodayo ngamunye. Lenhlobo yomanyolo ibizwa ngama "Straights". Izibonelo zalomanyolo:
 - "LAN" kanye ne "Urea" ebuyisela emhlabathini **umanyolo wamaqabunga u-"Nitrogen" (N)**
 - "Superphosphate", "Double superphosphate" kanye Maxifos, ebuyisela emhlabathini **umanyolo wezimpande u-"Phosphorus" (P)**
 - "Potassium Chloride (KCL)", ebuyisela emhlabathini **umanyolo wesiqu u-"Potassium" (K)**

Uma umhlabathi uveza ukuthi ushoda ngomanyolo wezimpande u-"P" kuphela, izincomo zizohambisana nokufaka umanyolo ono-"P" kuphela. Lokhu kuzonciphisa izindleko zokuthenga umanyolo onesakhamzimba u "K" no "N" ezingashodi emhlabathini.

- 2) Kukhona izinhlobo ezifaka imisoco ngambilis emhlabathini.

- **DAP** kanye ne **MAP**. Inikeza umhlabathi u "N" kanye no "P"

- **1:0:1 (48)** inikeza umhlabathi u "N" kanye no "K"

- 3) Bese kuba khona izinhlobo zomanyolo ezinikeza umhlabathi wakho imisoco emithathu. Lezhlobo zibizwa ngama "Complete fertilizers"

- Loluhlobo lufaka emhlabathini imisoco emithathu (**N.P.K**)

- Izibonelo ngu **5:1:5 (46)** kube ngu **2:3:2 (22)** kanye no **2:3:4 (38)**

- 4) Zikhona nezinye izinhlobo zikamanyolo ezinikeza umhlabathi wakho imisoco engaphezu kwemithathu.



Ubumuncu emhlabathini

- Buvimba izimpande zomoba ukuthi zingakhuli kahle, lokhu kuholela ekutheni umoba ungakwazi ukumunca amanzi anele emhlabathini.
- Benza izimpande zingakwazi ukumunca ngokwanele eminye yemisoco ebalulekile njengo "Nitrogen" (N),

no "Phosphurus" (P) kanye neminye bese umoba wakho uba nezimpawu zokushoda kwayo.

OKUBALULEKILE: umhlabathi onobumuncu ungawulungisa ngokusebenzisa umcako wabalimi ngokwezincomo zabakwa "FAS".



Izinhlobo zomcako wabalimi

Kwizinhlobo ezingama-39 zomcako wabalimi ezikhona, ezintathu ezisetshenziswayo embonini yomoba okuyi "Dolomitic lime", "Calcitic lime" kanye ne-Gypsum. Lezi zinhlobo zincike kwizinga lwe "Calcium" (Ca) kanye ne "Magnesium" (Mg) esemhlabathini. Imiphumela yokuhlolwa komhlabathi wakho iyona ezosho ukuthi imuphi umcako wabalimi okumele uwusebenzise.

Kubalulekile ukufaka umcako wabalimi kusasele okungenani inyanga eyodwa kuya kwezimbili ungakatshali. Lokhu kuzonikeza umcako isikhathi esanele sokuba uhlangane nomhlabathi. Umcako wabalimi uhlangana ngokushesha nomhlabathi onomsokama kunomhlabathi owomileyo. Uma sekubuye izincomo zakwa-FAS, lima insimu yakho bese ufaka umcako wabalimi ulandelise ngegeja lokuhlanganisa.



Ukukhiqizwa kwembewu yomoba ehambisana nombono weMboni kaShukela obekelwe unyaka wezi-2023

Ibhalwe: nguBongiwe Chonco



Imbewu yomoba kungaba:



Ugoqo lomoba



Ingxene ye lunga enehlo



Izithombo ezifuzene ezikhqizwe elebhu (tissue culture)

Uma umlimi etshala umoba, ulindele ukuthi imbewu atshale ngayo imukhiqizele umoba imnyaka eminingi. Lokhu kwenzeka uma ingenazo zonke izifo nezinambuzane ngokokushicilelwa kosomqulu kaHulumeni futhi enamathuba okuqhuma ikhule kahle.

Imbewu eseqophelweni eliphezulu

- Ayinazo izifo nezinambuzane.
- Ihluma kangcono kanti nesivuno siba sihle.
- Umlimi angakwazi ukuyidayisela abanye abalimi uma esegunyaziwe.
- Inezinhlobo ezahlukahlukene umlimi angakhetha kuzo ngokuholwa uhlolo lomhlabathi wakhe.
- Ibanamahlumela amaningi.

Izinhlobo zembewu

(bheka umdwebo ekhasi ni elilandelayo)

1. Imbewu Egunyaziwe


Imbewu eguyanziwe ikhiqizwa kwinkulisa-mbewu egunyaziwe (nurseries), isuke ingakaze itshalwe ngaphambilini. Le mbewu ingasuka kwizingoqo eziphekiwe, ingxene yehlo kanye nezithombo ezikhqizwe elebhu. Ilandela imithetho yembewu bese umlimi angayigawula ayitshale njengembewu kabilo (itshalo nehlumela lokuqala) bese emva kwalokho ibe umoba osungahlahlwa uyswe esigaweni.

2. Imbewu Eqinisekisiwe

Lena imbewu esuke isuswa emasimini ekade egunyaziwe yaphasa zonke izigaba zembewu, umlimi angayigawula ayitshale njengembewu kabilo (itshalo nehlumela lokuqala) bese emva kwalokho ibe umoba osungahlahlwa uyswe esigaweni.



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)



Isithombe 1: Ukukhiqizwa kwezinhlolo zembewu yomoba ezahlukene

Imithetho nokuphasiswa kwembewu

- Uma kuzokhiqizwa imbewu egunyaziwe kumele insimu ilaliswe izinyanga eziyi-12 futhi ingabi nawo umoba izinyanga eziyi -6 ngaphambi kokuba kutshalwe.
- Uma kuzokhiqizwa imbewu eqinisekisiwe kumele insimu ilaliswe izinyanga eziyi-9 bese ingabi nawo umoba izinyanga eziyi -6 ngaphambi kokuba kutshalwe.

Ukuze imbewu iphase kumele ihlowe kathathu:

1. Kuhlolwa ulayini lapho kusuke kubhekwa izinhlolo zomoba ezingatshaliwe okungama volontiya kanye nama off-types. Ngalesi sigaba imbewu isuke inezinyanga ezintathu.
2. Ukuhlolwa kwesibili yilapho isihlolelwa izifo nezinambuzane okufana nesihlava nokunye, lapha isuke isezinyangeni eziyi-6 kuya onyakeni.
3. Ukuhlolwa kokungcina yilapho ihlolelwa umbasha bese uma itholakala ingenawo, iyaphasiswa ibe semthethweni ukuthi isingadayiswa ngaleyo sizini, okusho ukuthi unyaka nonyaka imbewu ilandela lemigudu kude iphasiswe yithimba lezifo nezinambuzane lakwisifundamshini sangakubo kwayo imbewu.

Imigomo nokumele umlimi akwenze ngaphambi konyaka wezi-2023

Umbono wonyaka wezi-2023 wokukhiqizwa komoba isivumelwano okwahlangana abaphathi beMboni kaShukela ngonyaka wezi-2015 bavumelana ukuthi ngonyaka wezi-2023 wonke umlimi kumele atshale ngembewu ehloliwe yagunyazwa noma yaphasiswa futhi ibe yaziwa umsuka wayo. Ukulandela indlela ebaluliwe ngenhla yokukhiqizwa komoba, kumele umlimi azi amahhovisi eThimba leZifo neziNambuzane (LPD&VCC) ukuthola imininingwane okuyiyona ezomsiza ukuthi aqinisekise ukuthi amasimu akhe atshalwe hlobo luni lomoba nokuthi lusukaphi.

Zonke izifundamshini ziphezu kwezinhlelo zokuthi zizosebenza kanjani ezindaweni zazo ukuthi zenze lombono ube yimpumelelo. Lokhu kufaka indlela yokukhiqizwa komoba okumele wonke umlimi ayilandele kuze bonke abalimi bakwazi ukutshala ngembewu eseqopheleni eliphezulu, ehloliwe yaphasiswa iKomidi leZifo neZinambuzane zomoba kanye nokuKhiqizwa kweMbewu. Ukuze wazi kabanzi ngezinhlelo zangakini ungaxhumana nomeluleki wakho womoba.

Izinhlobo zomoba emasimini ayizibonelo e-Felixton naseMatikulu

 **Ibhalwe:** nguSbonelo Shezi noWinile Shelembe



KwiNgede eshicilelw e yaphuma ngoMandulo (September 2020) kwaziswe abalimi ngamasimu noma ngezindinyana/iziqeshana eztshalwe izinhlobo zomoba ezahlukahlukene lapho obekuqhathaniswa khona izinhlobo zomoba eztshalwe endaweni/ kwisifundamshini kanye nezinhlobo ezintsha. Kutshalwe izinhlobo ezigunyaziwe nezishicilelw kusomqulu kaHulumeni ukuthi zingatshalwa kulezi zifundamshini kwaphinda kwengenza ngezinhlobo ezimbalwa zakwezinye izifundamshini.

Kwinsimu yesifundamshini sase-Felixton (eNdabayakhe) kutshalwe izinhlobo eziyi-15, eziyisikhombisa kulezi bekungezengeziwe nezigunyazelwe ukutshalwa kwezinye izifundamshini (N48, N52, N54, N56, N61, N62, N66). EMatikulu

(eMvuntshini) kutshalwe eziyi-16 ezinhlanu bengezengeziwe nezigunyazwe ukutshalwa kwezinye izifundamshini (N48, N54, N61, N62, N66). Inhlosa yokutshalwa kwezinhlobo zomoba kwizifundamshini lapho zingagunyaziwe khona kulamasimu ayizibonelo ukukhombisa abalimi ukuthi kungani zingazilungele isib. i-N48 idinga ukuhlahlwa kusuka ezinyangeni ezingama-18 kuya kwezingama-24 itshaliwe kanti eFelixton umoba uqala ukuhlahlwa kusuka ezinyangeni ezingama-12 kuya kwezingama-15. Kungenzeka lezi zinhlobo zenze kahle kodwa ukuze zivumeleke kumele kuvume iKomidi leZifo neziNambuzane zoMoba kanye nokuKhiqizwa kweMbewu, okungenani kungamele zibhekwe iminyaka emihlanu ngaphambi kokuba kuthathwe izinqumo.

Lezi zindinyana zitshalwe ngoZibandlela (December) 2019, zagawulwa ngoLwezi (November 2020) umoba usunezinyanga eziyishumi nanye utshaliwe. Imiphumela etholakele ime kanje:

Itafula lokuqala: Insimu yase Felixton

Izinhlobo zomoba	Amathani ngehheka	I-RV%	Isivuno ngokwamathani e-RV	Inuzo ngehheka ngokwamathani ungakazikhipi izindleko
N51	75.34	11.89	9.02	R45 174.79
N59	66.20	12.63	8.30	R41 576.64
N27	63.62	12.63	8.14	R40 781.33
N55	63.21	13.39	8.51	R42 600.89
N41	61.90	12.65	7.68	R38 447.58
N58	60.86	11.25	6.95	R34 808.01
N39	59.27	12.94	7.54	R37 746.67
N63	51.34	11.19	5.74	R28 729.91

Imiphumela etholakela emumva kokuvunwa negxile kwizinhlobo ebezitshaliwe futhi ezigunyaziwe kwisifundamshini sase-Felixton ikhomba ukuthi i-N51 yenze kangcono kakhulu, njengoba umlimi angathola amathani angama-**88.4** nenzozo ebalelwa ku **R45 174.79** (uma umoba uwunakekele kahle).



Itafula lesibili: Insimu yase Matikulu

Izinhlobo zomoba	Amathani ngehheka	i-RV%	Isivuno ngokwamathani e-RV	Inzuzo ngehheka ngokwamathani ungakazikhipi izindleko
N52	74.30	10.20	7.79	R39 006.45
N51	64.13	11.68	7.49	R37 516.23
N58	63.40	11.33	7.20	R36 064.79
N59	59.20	12.13	7.30	R36 549.72
N27	56.59	13.04	7.39	R37 012.18
N55	56.47	13.15	7.34	R36 780.14
N41	55.09	12.43	6.77	R33 892.61
N39	54.93	12.52	7.03	R35 201.57
NCo376	54.82	11.98	6.45	R32 314.56
N56	53.36	13.23	6.96	R34 849.65
N63	47.46	11.73	5.56	R27 836.97

Imiphumela etholakale emumva kukuvunwa negxile kakhulu kwizinhlobo ebezitshaliwe futhi ezigunyaziwe ukuthi zingatshalwa e-Matikulu ikhomba ukuthi i-N52 yenze kangcono kakhulu njengoba umlimi angathola amathani angama-**74.3** nenzuzo ebalelwa ku **R39 006.45** (uma umoba uwunakekele kahle).

OKUMELE UKWAZI : Inzuzo ibalwe kusetshenziswa intengo yomoba yangolwezi (November) wezi-2020 okuyizi-**R 5008.86**, nokuyintengo ebuyekezwa nyangazonke

Ngokwalezi zibonelo;

- Kuthwathwa ngokuthi umoba awulibazisekanga ukuya esigayweni. Ngakho ke kubalulekile ukuthi umlimi aqikelele ukuthi umoba wakhe awulibaziseki ngaphezu kwamahora angama-72 ukufika esigayweni ukuze ethole inzuzo ephezulu.

- Kungezeka umoba utshalwe kuhlobo lomhlabathi nakwizimo zezulu ezahlukile nakwezinye izindawo nokusho ukuthi isivuno sisangaba ngaphansi noma ngaphezulu kunokutholwe kulezi zindinyana.

- Ezinye izinhlobo zakwezinye izifundamshini ebezitshalwe kulezi zindinyana zenze kahle kodwa kumele zibhekwe okungenani iminyaka emihlanu ngaphambi kokuba kuthathwe izinqumo.

Ukuze umlimi athole isivuno nenzuzo okuphezulu, kubalulekile ukuthi alandele yonke imigomo efanele yokukhiqizwa nokunakekelwa komoba.



ABADIDYELI

Joe Nkala, Winile Shelembe, Bongiwe Chonco, Sifiso Hlela, Musawenkosi Khumalo (DARD), no Wayne Mthembu (Umhleli)
ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September
Imibono nemibozo: Winile Shelembe: 031 508 7511 Email: Winile.Shelembe@sugar.org.za

Amalungelo okuqopho aaukethwe kulo mbhalo. Aylko ingxene yalo msebenzi engaphinda yensiwe nanganoma iyphi indlela ngaphandle kwemvume ebhalive yomshicileli. Yize yensiwe yonke imizamo yokuqinisekwa ubugotho bolwazi olushticilele kulo msebenzi, isikhungo sezoCwanningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahlekha noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenza yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisetshenziswe.